Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek

Byeengebring deur

teachme2

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2021

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-15.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(40)

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

ISIQEPHU A:	Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B:	Imizuzu engama-20
ISIQEPHU C:	Imizuzu engama-50

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Fundisisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

ISITHINTA SONKE LE NTO!

1 Uke uzwe kuthiwa indaba ixoxwa ngezithombe? Isithombe ungasibuka silenga odongeni kanti sixoxa indaba. Phela izithombe yizo ezisixhumanisa nemvelaphi yethu. Zisikhumbuza izinsuku ezimnandi nezibuhlungu, abantu nezindawo futhi zivusa nemizwa enhlobonhlobo. UKrista Neher ofundisa ngokuthatha izithombe uthi ingqondo yomuntu ikwazi ukugcina imifanekiso (images) eyizi-60 000 ukudlula amagama. Zisebenza njengethuluzi lokudlulisa imiyalezo nokuchukuluza (evoke) imicabango. Into oqalayo ukuyibona ihlala engqondweni ngokushesha futhi isikhathi eside. Esikhathini esiphila kusona abantu bathatha izithombe umzuzwana nomzuzwana.

2 Kukhona izithombe ezithathwa ngoba kunezizathu zokukhombisa umlando womndeni. Impilo yawo wonke umuntu iqala emndeninI. Umndeni ufunda okukhulu ngomlando wawo ngokubuka izithombe ezathathwa ngokhokho. Zisifundisa ngomlando wamaqhawe namaqhawekazi asaphila nangasekho emhlabeni. Sithola nomlando ngezinto ezazisetshenziswa ngezikhathi ezihlukene kanye nezithombe zabantu abazisungula (invent). Uyakwazi ukubona impilo eyayiphilwa ngezikhathi ezithile ngisho nendlela okwakugqokwa ngayo. Kukhona izifundo ezincike emlandweni wezithombe okungaba nzima kakhulu uma zingekho lezo zithombe njengesifundo sezoMlando, iSayensi nezinye. Isithombe esifakwa kumazisi womuntu sinomlando obalulekile ngoba siveza ukuthi ungubani, wakwabani futhi wakuphi. Yonke le milando esiyethulelwa yizithombe isivula amehlo, isifundise okukhulu okuphathelene nathi kanye nomhlaba esiphila kuwona.

3 Lingakanani iqhaza elibanjwa izithombe ezimpilweni zethu? Izithombe ziyakwazi ukwenza ikusasa lomuntu liqhakaze. Kukhona abantu asebethole ukwaziwa umhlaba wonke ngezithombe abazithumela emaphephandabeni, ezinkundleni zokuxhumana nakwezinye izindawo. Bagcina sebethandwa ngisho ngabantu abangabazi. Ngokuthumela lezi zithombe bakwazi ukuthola amathuba amahle emisebenzi, udumo, nokunye okuhle ngabo. Bathola abangani, izihlobo kanye nemishado. Omunye uhlangana naye umjabulele uze **ubambe nethambo** ngoba ingqondo yakho inesithombe sakhe. Lesi sithombe esisengqondweni yakho sikwenza kube sengathi umuntu omaziyo nomjwayele.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

4 Ukuthatha isithombe yinto elula neyenzeka **ngokuphazima kweso**. Izithombe ziyakha futhi ziyabhidliza. Kwezinye izindawo zokusebenza kukhona abantu abaningi asebaphelelwa yimisebenzi ngenxa yokuthatha noma ukuveza izithombe ezingafanele ezinkundleni zokuxhumana. Siyakhula isibalo sabasebenzi abaphelelwa imisebenzi noma abadilizwayo ezikhundleni zabo ngokuthatha izithombe ezingahambisani nemithetho nemigomo yendawo abasebenza kuyo. Izithombe ezitholakala kwezokuxhumana njengamaphephandaba namaphephabhuku, zenza abantu balangazelele/bafise ukuzwa ukuthi kuthiwani ngalowo muntu. Isithombe esihle nendaba emnandi ngomuntu kwenza athandeke abe nabalandeli. Uma indaba yakhe iyihlazo, isithombe sakhe sesizohlala unomphela ezingqondweni zabantu abaningi baze bagcine sebekhuluma kabi ngaye, abanye bamzonde ngisho bengamazi. Inkinga enkulu yezithombe ihlasele/ingenile nasezikoleni. Sekukaningi sibona amahlazo nezimpi ezenzeka ezikoleni ngazo izithombe ezisuke zithathwe abafundi noma othisha. Ukufaka izithombe zabanye abantu ezinkundleni zokuxhumana ngaphandle kwemvume yabo kungaba nemiphumela emibi.

5 Ukuthuthuka kwezobuchwepheshe kukhona nasezithombeni ezithathwayo nezithunyelwayo. Ziningi izithombe ezingakwenza udideke ngendlela ezisuke sezishintshwe ngayo. Uke ubone isithombe esinabantu abasezindaweni ezihlukene kodwa besesithombeni esisodwa. Ezinye zishintsha ubuso noma umzimba womuntu. Omunye umuntu abe sezindaweni eziningi esithombeni esisodwa. Abanye benza ubugebengu ngazo izithombe zabantu. Izithombe ziyasetshenziswa uma kuthethwa amacala ezinkantolo nakwezinye izindawo. Umuntu angaliphika icala elenzile noma athi ubengekho ngesikhathi lenzeka. Ukuba khona kwezithombe kungasiza ngoba yizona eziveza amaqiniso kwesinye isikhathi.

6 Zingaki izithombe ozithathile namhlanje? Uyabona ukuthi ngempela isithinta sonke le nto njengoba lingashoni ilanga singathathi izithombe noma sibuke ezabanye? Kuyacaca ukuthi ukuthatha izithombe kungaba nemiphumela emihle nemibi. Ngakho-ke qaphela izithombe ozithathayo ngoba ungazithola **ususendlini emnyama** ngokusebenzisa isithombe somuntu ngaphandle kwemvume yakhe.

[Umbhalo osuselwe ocwaningweni wase uyahunyushwa]

1.1.1 Ubani ositshela ukuthi ingqondo yomuntu inamandla okugcina imifanekiso? (1)

1.1.2 Bhala izinhlobo EZIMBILI zomlando ezibhalwe esigabeni sesibili ezethulwa izithombe. (2)

1.1.3 Zisetshenziswa njengani izithombe ngokwesigaba sokuqala sale ndaba? (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Ukuba **sendlini emnyama** kusho ukuba ...

A sesikoleni.
B sejele.
C senkantolo.
D sesibhedlela. (1)

1.1.5 Ngokwendaba, yimuphi umthelela omubi ekuthathweni kwezithombe ezikoleni ngokwesigaba sesi-4? (2)

1.1.6 Tomula umusho osesigabeni sesi-3 ositshela ukuthi izithombe zingakwenza udume yonke indawo. (2)

1.1.7 Kungani kubalulekile ukusetshenziswa kwezithombe enkantolo? (2)

1.1.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo ezibhalwe ngokugqamile kule misho ecashunwe endabeni.

(a) Umuntu umjabulele uze **ubambe nethambo**. (2)

(b) Ukuthatha isithombe into elula neyenzeka **ngokuphazima kweso**. (2)

1.1.9 Kungaba namuphi umphumela ukuthumela/ukufaka izithombe ngaphandle kwemvume yomnikazi wazo? (2)

1.1.10 Qhathanisa indlela abantu abenza ngayo uma bebona isithombe esihle noma esibi kwezokuxhumana. (2)

1.1.11 Chaza isihloko sale ndaba ngawakho amazwi. (2)

1.1.12 Ngokucabanga kwakho izithombe zomndeni zingakwazi yini ukusiza isizukulwane esizayo? Sekela impendulo yakho. (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.2 Bukisisa UMBHALO B bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO B (OBUKWAYO)

AMASOPHI ASENINGIZIMU AFRIKA

2005 – e-tv
4,7 mil ababukeli
Umdlali oqavile:Quintine
Izilimi: IsiBhunu, IsiNgisi, Sesotho, IsiXhosa nesiZulu

2020 – Mzansi Magic
64,7 mil ababukeli
Umdlali oqavile: Melusi
Izilimi: IsiNgisi, Sesotho, IsiXhosa nesiZulu

2016
9,6 mil
Umdlali oqavile: Nkunzi Mhlongo
Izilimi: IsiZulu, IsiTsotsi nesiNgisi

1993 – SABC 1
3,9 mil ababukeli
Umdlali oqavile:Jack Mabaso
Izilimi: IsiNgisi, SeSotho, IsiXhosa nesiZulu

2016 Mzansi Magic
9,8 mil ababukeli
Umdlali oqavile: Harriet Khoza
Izilimi: IsiNgisi, Sesotho, IsiXhosa nesiZulu

1997
4,4 mil ababukeli
Umdlali oqavile: James Matsami
Izilimi: Tshivenda, IsiNgisi, Sesotho, IsiZulu nesiXhosa

[Izithombe nolwazi kucashunwe ku-googlepics-2020]

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.2	1.2.1	Isidlale isikhathi esingakanani *iGenerations*? Bhala inombolo ngamagama esiZulu.	(1)
	1.2.2	Ngokwesithombe iyiphi isophi ekhombisa udlame kulawa angenhla?	(1)
	1.2.3	Iyiphi isophi esebenzisa izilimi zaboMdabu eziningi kunamanye?	(1)
	1.2.4	Ubani umdlali odlala indawo ephambili kwisophi ye-*The Queen*?	(1)
	1.2.5	Ababukeli bazuza kanjani ngokubukela amasophi anabadlali abashintshashintsha izilimi? Bhala amaphuzu AMABILI.	(2)
		AMAMAKI ESIQEPHU A:	**30**

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa UMBHALO C ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngobuhle bamafutha omnqumo.

IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

UMBHALO C (OFUNDWAYO)

UBUHLE BAMAFUTHA OMNQUMO (*OLIVE OIL*)

Amafutha abalulekile emizimbeni yethu. Ongoti bayakuqinisekisa ukuthi ukudla okunamafutha angafanele kungadala umonakalo omkhulu empilweni jikelele. Ziningi izinhlobo zamafutha kodwa abezempilo bancoma awomnqumo ukuthi kube yiwo asetshenziswa zonke izinsuku. Uhlobo olunconywa kakhulu lwala mafutha yi-*virgin olive oil* ne-*extra virgin oil*.

Isisindo esikhulu kubantu abaningi senza ukuthi bangazethembi. Uma ungomunye wabazama ukwehlisa isisindo somzimba kuyancomeka ukusebenzisa la mafutha esikhundleni samafutha ajwayelekile. Lokhu kungabuyisa ukuzethemba kwakho nokuziqhenya ngomzimba wakho.

Kubalulekile ukuthi impilo yakho ihlale ivikelekile emagciwaneni. Amafutha omnqumo anezithako ezibalulekile ekuqiniseni amasosha omzimba ukuze uhlale ungumqemane. Ukuqina kwamasosha omzimba kuchaza ukuvikeleka kunoma iziphi izifo ezingaqhamuka.

Kunezifo ezihlasela abantu abaningi njengesifo sikashukela. Ukusebenzisa amafutha omnqumo kungakuvimbela ukuhlaselwa yilesi sifo, ngokwenza isikali/umthamo we-*insulin* egazini uhlale ulingene. Ngaleyo ndlela akudingekile ukusebenzisa izinto ezigcina izinga likashukela lisesimweni esifanele.

Kukhona abantu abanenkinga yokukhohlwa okuhambisana nesifo esaziwa ngokuthi yi-*Alzheimer*. Amafutha omnqumo enza ingqondo ihlale iphapheme ngenxa yesithako esibizwa nge-*monounsaturated fat* ngoba silibazisa ukuhlasela kwenkinga yokukhohlwa.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

Ngaphandle kokupheka, amafutha omnqumo angasetshenziswa ngezindlela eziningi. Ucwaningo luyaveza ukuthi angagcina isikhumba sakho sivikelekile ngokuwagcoba emzimbeni nasezindebeni zomlomo. Angasiza futhi ukugcina nezinwele zakho zikhazimula zingenayo inkwethu. Izinkampani ezenza le mikhiqizo yokuzicwala zingakufakazela lokhu.

Amafutha omnqumo onga imali ukuze kungabi nesidingo sokukhanda izinto zasendlini. Ungawaconsisela ezinsimbini esezigqwalile zeminyango ukuze zingabangi umsindo, ukucwebezelisa amabhodwe, usinki kanye nefenisha.

Lawa mafutha aziwa ngokubiza imali eningi kodwa impilo ngeke uyibekele inani. Kungaba kuhle ukuthi wonke umuntu azame ukusebenzisa amafutha omnqumo.

[Icashunwe ephepheni *iLanga*, 2019]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

INYALA MAIZE MEAL

Inyala yimpuphu yabantu abakhomba ngophakathi nabadla imbuya ngothi.

Inyala yenziwa ngombila omusha otshalwa emasimini ase-Free State.

Inyala ithenjwa izizukulwane ngezizukulwane.

Inyala inezakhamzimba ezidingekayo.



Phuthuma esitolo esiseduze nawe uzithengele Inyala yoqobo bese ugcwalisa ifomu elisephaketheni lempuphu.

Iyatholakala kusukela kuma-2 kg kuya kuma-50 kg

Sithumelele ifomu kuleli kheli:

298 Kideboni Street
Bethlehem
7354

Ucingo: 026 753 8421

Facebook: inyala_mpuphu

inyalamaizemeal.co.za

[Izithombe zicashunwe ku-googlepics, umbhalo wokuziqambela]

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

3.1 Sibhekiswe kobani lesi sikhangisi? (1)

3.2 Tomula isiqubulo esisetshenziswe abakhangisi bempuphu Inyala. (2)

3.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe echaza uhlobo lwabantu okuthiwa lukhomba ngophakathi:

A Abahluphekayo
B Abakhombayo
C Abacebile
D Abasemphakathini (1)

3.4 Sebenzisa upelomagama olufanele kuleli gama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

Inyala yenziwa ngo**mbila** omusha otshalwa emasimini ase-Free State. (1)

3.5 Bhala OKUBILI okufanele ukwenze ukuze uwine imoto esesikhangisweni? (2)

3.6 Hlobo luni lwebizo elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?

Inyala ine**zakhamzimba** ezidingekayo. (1)

3.7 Ngokucabanga kwakho isu lokuthi abathengi bawine imoto linamuphi umthelela kubanikazi bomkhiqizo okhangiswayo? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

[10]

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

UMBUZO 4

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

ISITHOMBE SOKU-1	ISITHOMBE SESI-2	ISITHOMBE SESI-3
'Mama, sidinga ukuhlala phansi sikhulume kungaze konakale kakhulu.'	'**Uzinyobulala** wami ubukeka ekhathazeke kakhulu. Kazi iyiphi le nkinga ehlupha uThabo!' *(ekhuluma yedwa*)	'Amanzi azosisiza uma sesikhuluma noThabo.' (*ecabanga*)
ISITHOMBE SESI-4	**ISITHOMBE SESI-5**	**ISITHOMBE SESI-6**
'Mhlawumbe nalokhu kuzosebenza nakuba kuthiwa **indoda ayikhali**.' (*eqhubeka nokucabanga)*	'Kumele ngikhanyise amakhandlela ukuze kunuke kamnandi endlini. ' *(ekhuluma yedwa)*	 'Mama, yonke into uyenza ngehaba, kumele wehlise **umoya** ngoba uzogula. Yilokho kuphela ebengifuna ukukukhuluma nawe.'

[Izithombe zicashunwe ku-googlepics]

4.1 Yimuphi umuzwa okhonjiswa umama kaThabo esithombeni soku-1? (1)

4.2 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe ukuchaza igama elibhalwe ngokugqamile esithombeni sesi-2:

A Ingane ezelwe iyodwa kwabo.
B Ingane enezinkinga kwabo.
C Ingane enenkani kwabo.
D Ingane ezelwe nabanye. (1)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

4.3 Bhala OKUBILI okufakazela ukuthi umama unehaba kulezi zithombe. (2)

4.4 Yakha umusho ngegama elithi **umoya** kuvele incazelo eyehlukile kule esesithombeni sesi-6. (2)

4.5 Nikeza uhlobo lwenkolelo equkethwe yileli binzana lamagama alandelayo.

'indoda ayikhali' (2)

4.6 Kungabe IQINISO noma UMBONO ukuthi bonke omama bahlala bekhathazekile ngezingane zabo? Sekela impendulo yakho. (2)
[10]

UMBUZO 5

5.1 Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO F (OFUNDWAYO)

UKUHLOBISA NGEZITHOMBE ENDLINI

Abantu abaningi bahlobisa izindlu ngezithombe ukuze zihehe. Izithombe zenza indlu ibukeke kahle. UMnumzane Cele, uthi bona banolwazi olwanele lokuhlobisa ngaphakathi endlini. Lokhu kungagwema ukusebenzisa izithombe ezenza indlu ingabukeki**.** Izithombe ezilengiswa obondeni zidinga ulwazi nokuqondisisa imibala ehambisana namagumbi endlu yakho. Udinga ukwazi osayizi abahambisana nesakhiwo segumbi ngalinye. Okumqoka ukubheka umbala wobonda lonke ozofaka kulo izithombe. 5

Izithombe ezinombala ogqamile zilungele igumbi lokuphumula nelokudlela. Egumbini lokulala kudingeka izithombe ezingagqamile. Ikhishi lihlotshiswa ngamavazi kuphela. Igumbi lokugezela alihlotshiswa. Igumbi lingaba nomswakama. Izithombe zifakwa ngamahhuku obondeni. Qikelela inhlanzeko ukuze izithombe zakho zihlale zizinhle sonke isikhathi. 10

[Ucashunwe kwiSolezwe wase uhunyushwa]

5.1.1 Guqula lo musho olandelayo ube inkathi edlule.

Umuntu ufisa ukuba nendlu ehehayo. (1)

5.1.2 Lenza msebenzi muni igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?

Abantu **abaningi** bathanda ukuhlobisa izindlu. (1)

5.1.3 Phinda ubhale lo musho olandelayo ukhombe ukulandula/ukuphika.

Izithombe zifakwa ngamahhuku kuphela obondeni. (1)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

5.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe esho uhlobo lwebizo olubhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

Ikhishi lihlotshiswa ngamavazi kuphela:

A Ibizoqho
B Ibizonto
C Ibizomvama
D Ibizomfakela (1)

5.1.5 Mqondo muni oqukethwe yizakhi ezibhalwe ngokugqamile emishweni elandelayo?

(a) Lokhu kungagwema ukusebenzisa izithombe endl**ini**. (1)

(b) Izithombe ziya**li**heha iso. (1)

5.1.6 Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile bese uzakhela umusho ophelele ngalo.

Ezinombala ogqamile zilungele **indlu** yokuphumula neyokudlela. (2)

5.1.7 Hlanganisa le misho elandelayo ngesihlanganiso esifanele ibe umusho owodwa.

Igumbi lokugezela alihlotshiswa.
Igumbi lingaba nomswakama. (2)

5.1.8 Guqula lo musho oyinkulumo-mbiko ube inkulumo-ngqo/inkulumo-qho.

UMnumzane Cele uthi bona banolwazi olwanele lokuhlobisa ngaphakathi endlini. (2)

5.1.9 Bhala amagama amqondofana esikhundleni salawa abhalwe ngokuqgamile emishweni elandelayo.

(a) Izithombe ezinombala ogqamile zilungele **igumbi** lokuphumula. (1)

(b) Izithombe azidingi ukufakwa ngezipikili ngoba zibhoboza **ubonda**. (1)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

5.2 Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

[Isithombe sicashunwe ku-www.googlepictures.com]

5.2.1 Guqula igama elibhalwe ngokugqamile libe ubulili besifazane.

Umalume ukuba usaphila ngabe akwenzeki lokhu. (1)

5.2.2 Lungisa igama elikubakaki ukuze umusho olandelayo uzwakale kahle.

Abazali (mina) abasekho. (1)

5.2.3 Tomula isabizwana soqobo kulo musho olandelayo bese usisebenzisa emshweni ozakhele wona.

Le mali yonke umama angishiyela yona iphi? (2)

5.2.4 Bhala lo musho olandelayo ukhombise ukubabaza.

Hhawu unenhliziyo yetshe (2)
[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80